## IPHALAMENDE LASENINGIZIMU AFRIKA

- IPhalamende laseNingizimu Afrika lineZindlu ezimbili
  - iNdlu Yesishayamthetho Sikazwelonke (eyaziwa ngokuthi yi-NA), enamalungu angama-400, kanye
  - noMkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe (owaziwa ngokuthi yi-NCOP), onamalungu okungenani angama-90.

## UMKHANDLU KAZWELONKE WEZIFUNDAZWE

- UMthethosisekelo ubalula ukuthi uMkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe i-NCOP imele izifundazwe ukuze iqinisekise ukuthi izimfuno zezifundazwe ziyabhekelwa ohlakeni lukahulumeni kazwelonke.

- Ukwenza lokhu ikakhulukazi ngokubamba iqhaza emsebenzini wokushaya imithetho kazwelonke, nangokuhlinzeka umphakathi ngenkundla kazwelonke yokuthi ubambe iqhaza ngokuthi ukhulume ngezindaba ezibalulekile ezithinta izifundazwe.

- Futhi i-NCOP iqinisekisa ukuthi izimfuno zohulumeni basekhaya ziyabhekelelwa ezingeni likahulumeni kazwelonke.

## UKWAKHEKA KWE-NCOP

- I-NCOP yakhiwe yizifundazwe eziyisishiyagalolunye ezimelwe yizithunywa eziqokwe *yizishayamthetho zezifundazwe, kanye nezithunywa zika-Sosesheni Wohulumeni Basekhaya WaseNingizimu Afrika (owaziwa nge-SALGA).*

- Isifundazwe ngasinye sinezithunywa eziyishumi, ezakheke kanje:

  - izithunywa eziyisithupha ezisebenza isikhathi esigcwele
  - izithunywa ezine eziyisipesheli (ezisebenza isikhashana)

- Izithunywa ziholwa nguNdunankulu wesifundazwe ngasinye, ongomunye wezithunywa eziyisipesheli.

- Uma kunesidingo, uNdunankulu angaqoka omunye umuntu esikhundleni sakhe.

- Isigungu esiphezulu se-SALGA yisona esikhetha izithunywa ezivela eqoqweni lezithunywa zika-SALGA ezisezifundazweni zonke eziyisishiyagalolunye.

## ABAPHATHI BE-NCOP

- I-NCOP ikhetha *Izikhulu Ezingababaphathi* kumalungu ayo;

  - uSihlalo, kanye
  - namaPhini oSihlalo amabili.

- Lezi zikhulu ziphatha umsebenzi we-NCOP kanye nokwengamela izinkulumompikiswano, ziqinisekise ukuthi izithunywa zikhuluma ngokukhululeka inqobo nje uma zilandela imithetho ebekwe yiNdlu.

- Kukhethwa iPhini likaSihlalo elisebenza ngokugcwele isikhathi esiyiminyaka emihlanu kanti oNdunankulu bezifundazwe bona bayashintshana ngokubangamaPhini Sihlalo azungezayo isikhathi esiwunyaka.

## IQHAZA LE-NCOP

- I-NCOP kufanele ibonakale njengesikhungo esizokwazi ukwenza ukuthi ukubusa
- ngokubambisana kanye nentando yeningi yokuzibandakanya kubekhona, nokuthi kube yiyona eqhakambisa ukubhekelelwa kwezimfuno zohulumeni basekhaya kanye nalezo zezifundazwe emkhakheni kazwelonke.

- I-COP inikeza lokho okuyizinhloso zezifundazwe eziyisishiyagalolunye

# National Council of Provinces

zaseNingizimu Afrika izwi kanti futhi ihlinzeka ohulumeni basemakhaya ngenkundla yokubamba iqhaza ekucubungulisiseni imithetho ezingeni likazwelonke.

## IQHAZA LAYO LOKUSHAYA UMTHETHO

- I-NCOP iyacubungula, iphasise, ichibiyele, iphakamise izichibiyela noma iwuchithe umthetho

- Kufanele icubungule yonke iMithethosivivinywa kazwelonke.

- Futhi ingahlongoza noma ilungise iMithethosivivinywa engaphansi kweSheduli 4 yoMthethosisekelo (lezo izinto lapho isishayamthetho sikazwelonke nalezo zezifundazwe zinamandla wokushaya umthetho ngokuhlanganyela) kanye neminye imithethosivivinywa ethinta izifundazwe.

- Iningi lalo msebenzi wokushaya umthetho wenziwa emakomidini, kodwa yonke iMithethosivivinywa kufanele idluliselwe ekuhlaleni kwe-NCOP ukuze kukhulunywe ngayo futhi kuze kuvotelwe ukuthi lowo Mthethosivivinywa uyemukelwa noma uyachithwa yini.

- Inomgomo osemthethweni wokubhekana nezinhlobo ezintathu zeMithethosivivinywa:

*IMithethosivivinywa engathinti izifundazwe:*

- IMithethosivivinywa engathinti izifundazwe yileyo ephathelene nemisebenzi kazwelonke; njengezokuvikela, izindaba zangaphandle, kanye nezobulungiswa.

- Uma le Mithethosivivinywa efana nale iphasiswe yiSishayamthetho Sikazwelonke, idluliselwa e-NCOP ukuze kuvotwe.

- Uma i-NCOP ifuna ukwenza izichibiyelo kuMthethethosivivinywa, iwuthumela eSishayamthethweni Sikazwelonke, ekuyisona esingakwazi ukwemukela noma ukuchitha lezo zichibiyelo.

***IMithethosivivinywa ethinta izifundazwe ngqo:***

- Izibonelo zeMithethosivivinywa ethinta izifundazwe ihlanganisa ezemfundo, ezokuthutha, ezenhlalakahle, kanye nezempilo.

- Iningi lale Mithethosivivinywa ingethulwa e-NCOP yinoma iyiphi yalezi Zindlu; kodwa kuneminye iMithethosivivinywa okufanele ukuthi iqale eSishayamthetho Sikazwelonke.
- Uma kuvotelwa le Mithethosivivinywa e-NCOP, isifundazwe ngasinye sinevoti elilodwa.

- Uma kunokungavumelani phakathi kwe-NA ne-NCOP ngoMthethosivivinywa othinta izifundazwe, lowo Mthethosivivinywa kufanele uthunyelwe eKomidini Lokulamula.

***IMithethosivivinywa echibiyela uMthethosisekelo:***

- Uma uMthethosivivinywa ochibiyela noma oshintsha uMthethosisekelo uthinta izifundazwe ngqo, okungenani izifundazwe eziyisithupha kulezo eziyisishiyagalolunye e-NCOP kufanele zivumelane ngawo.

- Uma uMthethosivivinywa ochibiyela uMthethosisekelo ungathinti izifundazwe ngqo, uMthethosisekelo ubalula ukuthi i-NCOP ibenenkulumompikiswano ngalowo Mthethosivivinywa (ngaphandle kokuthi kuvotwe) ngaphambi kokuthi usiwe e-NA ukuze uyovotelwa.

## IQHAZA LOKUQAPHA OKWENZIWA UHULUMENI

- Ukuqapha okwenziwa uhulumeni umsebenzi wePhalamende ogunyazwe uMthethosisekelo (kuhlanganisa

neZishayamthetho Zezifundazwe) ukubheka kanye nokubeka iso izenzo zikahulumeni.

- I-NCOP yenza umsebenzi wokuqapha izinto zikazwelonke ezivela ezifundazweni nakohulumeni basekhaya.
- I-NCOP ingacela ilungu leKhabinethi, isikhulu sikahulumeni kazwelonke noma sikahulumeni wesifundazwe ukuhambela umhlangano wayo noma wekomidi loMkhandlu.
- Izithunywa ze-NCOP zingabuza oNgqongqoshe beKhabinethi imibuzo okufanele bayiphendulele e-NCOP.
- I-NCOP noma enye yamakomidi ayo angemukela amaphethishini, izethulo noma izincwadi zezethulo eziqhamuka kunoma ngobani noma izikhungo ezinentshisekelo.
- Futhi i-NCOP ihambela imiphakathi ngenhloso yokuhlola okwenziwa uhulumeni ukuqinisekisa ukuthi ithola ulwazi ngezidingo nezinselelo abantu ababhekene nazo.

## AMAKOMIDI E-NCOP

- Amakomidi e-NCOP abizwa *ama-Select Committees,* isibonelo, i-Select Committee yezeZindlu, Imisebenzi Yemphakathi neZokuthutha.
- Ikomidi ngalinye libheka umsebenzi womnyango ngamunye kahulumeni. Futhi ikomidi licubungula lize lichibiyele iMIthethosivivinywa, futhi ligqugquzela izithangama zomphakathi uma ngabe kunodaba olukhulu umphakathi onentshisekelo ngalo.
- Amakomidi angabiza noma ubani ukuthi azonikeza ubufakazi noma aveze amadokodo, futhi angacela noma yimuphi umuntu noma isikhungo ukuthi sizobika kuwo ngokuthile.
- Uma uMthethosivivinywa usucutshungulwe yikomidi, unikezelwa ku-NCOP ukuze uvotelwe.
- Izithunywa zesifundazwe ngasinye sinevoti elilodwa elifakwa yilowo ohola ithimba lesifundazwe egameni lesifundazwe.

## IQHAZA LAMALUNGU OMPHAKATHI KWEZOKUQAPHA OKWENZIWA UHULUMENI

Amalungu omphakathi angabamba iqhaza elibonakalayo ekuqapheni okwenziwa uhulumeni ukuqinisekisa ukuthi uhulumeni uyaphendula ngakwenzile kubantu ngokulandela izidingo zabo. Lezi ngezinye zezindlela ezingasetshenziswa:

## UKWENZA IZETHULO

➢ Ukwethulela ikomidi lePhalamende izimvo zakho ngenye yezindlela zokwenza izwi lakho lizwakale ePhalamende.

➢ Ngokwenza isethulo, unethuba lokufaka umbono wakho kumalungu ekomidi ngesikhathi ebonisana futhi ecubungula umthetho othile ngaphambi kokuthi kuqedwe ngawo.

## IPHETHISHINI:

➢ Iphethishini yindlela yokuvezela iPhalamende izikhalazo noma udaba olukhathaza umphakathi ukuze lithathe izinyathelo ngokusemandleni alo.

➢ Ilungelo lokwenzela iPhalamende iphethishini yilungelo lazo zonke izakhamuzi zakuleli lizwe futhi lihlinzekwe nguMthethosisekelo wethu.

➢ Noma ngubani, noma amaqoqo abantu noma yiphi inhlangano inelungelo lokwenzela iPhalamende iphethishini.

## XHUMANA NELUNGU LEPHALAMENDE

➢ Amalungu omphakathi angaxhumana naMalungu EPhalamende emahhovisi ezigceme akhona kulonke izwe noma ePhalamende uma ufuna ukuthi bakuxhase uma unodaba olushisayo othanda ukuthi lukhulunywe noma uma udinga usizo ngenkinga ethile.

*This pamphlet is available in all the official languages of South Africa.*

Produced by the Public Education Office • Parliamentary Communication Services • INSPIRED BY PEOPLE

www.parliament.gov.za • P.O. Box 15, Cape Town, 8000 • Telephone: (021) 403 3341 • Facsimile: (021) 403 3303

PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Zulu




# National Council of Provinces